

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUSZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WEZINKAKHA ZEBHOLA E-SUGAR RAY XULU.

16 December 2014

Ngiyanibingelela nonke

Masibonge leli thuba lokuba siphinde sihlangele ngalesi sikhathi sikaKhisimusi wonyaka ka-2014. Njengeminye iminyaka, nawo lona ube ngomunye sonke okunezinto esingasozwe sazikhohlwa ezimbi nezinhle ezenzekile.

Kodwa nonke nizovumelana nami ukuthi emkhakheni webhola ayikho into eke yasiphatha kabi njengokudlula emhlabeni kukanozinti we-Orlando Pirates uSenzo Meyiwa, ohambe ngesandla sezinswelaboya.

Lesi akubanga nje yisigameko esisiphatha kabi, ikakhulukazi njengabantu balapha KwaZulu-Natal lapho uSenzo ezalwa khona, kodwa kube yisehlo esisithele ngehlazo emhlabeni wonke njengezwe ukuthi kanti ukuphepha kuseyinto ethandabuzwayo ezindaweni esihlala kuzona.

Kube yinto esishiye nokukhathazeka futhi ukudlula emhlabeni kwenye yezingwazi zakithi ebholeni uShaka Ngcobo, okungabanye babantu abanothisa umlando webhola lalapha eNingizimu Afrika.

Kodwa futhi njengoba ngivezile ukuthi zikhona izinto ezinhle nezimbi esiyokhumbula ngazo unyaka ka-2014, ngicabanga ukuthi sonke siyethulela isigqoko enye yezingwazi zakithi zebhola uShakes Mashaba ngomsebenzi asewenzile njengomqeqeshi weqembu lesizwe iBafana Bafana kulesi khathi esifushane ethathe izintambo.

Namhlanje siwuphetha kahle sihambela phezulu lo nyaka sijabulela ukungena kwethu emqhudelwaneni we-AFCON ngonyaka ozayo. Siyabona sesithanda ukubuya isithunzi sethu njengezwe ebholeni lomhlaba.

Konke lokhu esengikhulume ngakho kuchaza ukuthini kuthina njengoba silapha? Ihlazo esikhuluma ngalo ukuthi singene kulona ngokulimala kukaMeyiwa lifakazisa esihlale sikusho ukuthi sonke kumele sibhukule sibambisane ukuqinisekisa ukuthi izindawo esihlala kuzona ziphephile.

Kuyiqiniso ukuthi kudala ibhola lalibuye liyamaniswe nokungaziphathi kahle kwabafana. Abanye abantu babelithatha njengesikole sokufundisa izingane zabafana ubugebengu nokusebenzisa izidakamizwa.

Kepha siyabonga ukuthi nakuba bekhona abangena kulezo zimo ngoba beyingxenywe yomphakathi vele obhekene nalezo zinselelelo, kodwa sinabo abantu abanjengani abakwazile ukuveza ukuthi ibhola is also about discipline.

Ngakho-ke akwehlukile kakhulu lokhu esinxusa njengohulumeni ukuba nikwenze. Esikulindele kunina ngokuba nibe ngamanxusa okuphepha emiphakathini, kuhlenganisa ukulwa nobugebengu kanye nezingozi zomgwaqo.

Ngangaphezu kwalokho futhi, kumele singakhohlwa ukuthi i-ANC yazisebenzisa kakhulu ezemidlalo ukulwa nobandlululo. Angithi yiyona imikhankaso ye-ANC emazweni angaphandle eyenza ukuthi iFIFA igcine ikhipha inyumbazane elakuleli emidlalweni yomhlaba.

Ngakho-ke namanje siyakugquguzela lokhu ukuthi ezemidlalo zisilekelele ukwakha isizwe sethu.

Okusempeleni, kumele imicimbi yalolu hlobo kube yiyona esifundisa ukusebenzisana, ikakhulukazi ukubambisana esikhundleni sokubangisana, silokhu siqhudelana.

Akumele kube ne-legend ecabanga ukuthi ingcono yona ngoba yayidlalela iqembu elingcono.

Siyaphinda futhi siyawanxusa ama-soccer legend akithi ukuba asebenzisane nathi lapho siqhuba khona izinhlelo zethu ngenhloso yokwenza izimpilo zabantu zibe ngcono.

Sihlale sinxusa kuzo zonke izinhlaka esihlangana nazo ukuthi asikwazi ukuvumela isifundazwe sethu ukuba sihlale sihamba phambili ezweni ngokuba ne-HIV ne-AIDS nako konke okubi okuhlenganisa izingozi zomgwaqo nobugebengu.

Njengoba kukhona abafana abakhulayo ebholeni, kungumsebenzi wenu ukubaqondisa, nibakhombise ukuthi nina nasinda kanjani ezivunguvungwini zezikhathi zenu njengoba bese ngishilo ukuthi ibhola belihlale liyamaniswa nemikhutshana engemihle.

Abanye abafana abancane bathi bangaphumelela bese bethenga izimoto zohlobo oluphambili ezinejubane eliyisimanga. Yilapho-ke uthola sesingcwaba izingane zethu ezisuke zikhombisa ikusasa eliqhakazile.

Yinina-ke okumele nisilekelele emikhankasweni yokuqwashisa ngalezi zingozi zomgwaqo.

Sengiphetha, kuyisifiso sami ukuthi sengathi singaphuma kulo mcimbi sonke sesiqonda ngokubaluleka kwe-partnership esiyigcizelelayo esifundazweni sethu.

Masizithokozise ngalesikhathi samaholide kodwa singaziphathi sengathi akuseyophinde kube namanye amaholide emhlabeni.

Ngalawo mazwi, nginifisela uKhisimusi omuhle nonyaka omusha onezibusiso.

Ngiyabonga